Eshowe, Oct. 1. 1889.

Nkosazana

Eyako owayiloba ngo 27 kwenyanga edlulileyo ngiyamukele kahle, pakati kukona i cheque £4, ipete futi izifanekiso lapo kukona nesako ugobo,— ibuza futi ukuti uMashiqela no Mr Mansel sebafika yini na,— ibuza futi umlobokazi owafika namazwi apete uMnyamana. Ngiyabonga, Nkosazana, ikakulu ngemali ongisize ngayo ngipepe endhlaleni.

Kuqala ake ngikulandisee indaba yokwenza kuka' Mnyamana ngomlomo ka Ndabambi ka Lutungu [...]ike kutangi epuma ebatu. Umlobokazi lowo ofikileyo [...]itsho umka' Somcuba owafika nayo le'ndaba. Uti [...] Ndabambi:— Ngangilitshaziswe ngumlobokazi ukuba [...]ngitole le'ndaba yokuza kuka Mnyamana, ngize [...]patele abaNtwana lawo'mazwi. Ngoba uMnyamana [...]b'etume abantu bake ngas'emHlatuze ku mlungu otile [...]langene naye. Kepa umlungu lowo wabatshela [...]abo 'bantu ukuti icala selizaunqunywa, izwe lizambuyela [...] Dinuzulu. Wambtela wati icala limpete uMnyamana [...]ulu, kungaba kuhle abuye aye kwomka'nKosi [...]. Kwapinda kwagula unina ka Tshanibezwe, kwayiwa [...]ngeni yokubula, yati izuliswa ama-Nkosi (Mpande [...]nwayo) abuza ukuti yini ukuba uMnyamana [...] lapa na? Upi uDinuzulu na? Lezo'ndaba [...]sbili zenza ukuba uMnyamana abute amadoda [...]uzi wake, awalandise. Kwabizwa uKilane induna [...]luleka naye. Kepa uKilane wati "Ungazenzela [...]doda bako, noma uya, noma ungayi, njengobuqili [...]kuhambakwako. Amadoda ati "Asivumi ukubauye, [...]ba sangatshelwa nguwe ukuba kuye ebutu mhlana [...]wa' Ndunu; besizauvuma ukuya ukuba nati sasiyile [...]dunu: sesinamahloni okuya nambhlanje". Ngaloko [...]nana wahluleka emva kwamalanga amatatu

Mina, 'Ndabambi, onke
kukulunywa leyo'ndaba. UMjobo ka-
lámazwi ngiwezwile ku'mlamu wami ngawezwa
Tiki owabékona lapo kulelo 'bandhla,
futi ku 'Mhlazana ka Malungwana ohlezi kona
kwo Mnyamana, nakuímfazi wami intombi ka Tiki.
Namhlanje uMnyamana nesizwe sake sebehlonele ukutetwa
kwecala, kuze kuti uma limtetile uDinuzulu, ebugiswa,
babaleke baye ku Mkungo."
Kepa, nkosazana, bengitembisile ukukuluma namapolisa
abe ehambile no Mashiqela, angikalitoli ituba
lokubonana nawo. Engikuqinisayo ngokufunga
yiloku kodwa kwokuti, uFunwayo induna ka Zibebu
wab'ehambile epelezela uMashiqela emtshenisa indhlela
yokuya emaTongeni, ufakazi ngu Nyosana ka Madwa
owambona ukuhamba kwake lapa. Kus'obala uku
uFunwayo lowo, ey'induna, wahamba nabo abantu l
futi lelo'zwi lokuti uZibebu wahlasela ku Ncamane
no Sibonda ezipindisela li amanga, lenzelwa ukusiza
uZibebu nje. Ngaloko-ke kawaqinisile amazwi lawo
endun'enkulu kulezo'nhlamvu ku Mr Bradlaugh
(Times, Sept. 27, 1889).
Wena, nkosazana, ubuzile ukuti sowafik
uMashiqela no Mr M. na? Yebo, kade bafika nje
kwami encwadini engakulobela yona ngati l
bayakufika ngomsombuluko. Kutiwa aMaTong
lawo atela kahle, kodwa uSambane waxwaya
kakulu ebona abantu baka 'Zibebu wati "Yini
ukuba ufike nempi esibulalayo ka 'Zibebu ungi
sitshelanga kuqala ukuti uyeza 'kutelisa na?"
Wabalekisa izinkomo nesifazana kwakupuka
intaba. Washiywa engatelanga.
Namhlanje uDinuzulu ufundile kahle ko
ngokujabula. Namzise bobabili bahlezi batok
Sonke sisapilile.        Magema Magwaza